

What is Islam?

ZULU

YINI I-ISLAM ?

Published By:



DARUL IHSAN
HUMANITARIAN CENTRE
GUIDANCE • UBUNTU • EMPOWERMENT

I-Islam yinkolo eyavuselelwa nguMphrofethi - uMohammed (ukuthula makube kuye), Eyisusela ezinkolweni zabo bonke abaPhrofethi Ababezishumayeza kubantu babo. Ukholo kwi-Islam lusekelwe yizinsika ezinhlanu.

INSIKA YOKUQALA

ISIFUNGO SOKHOLO (I-KALIMA)

Isifungo sokholo ubunye boMdali wamaZulu noMhlaba. Akekho odinga ukukhonzwa ngaphandle kukaMvelinqangi. Yonke into Ekhona kuloMhlaba nasemaZulwini ngeYakhe.

Akukho muntu onamandla angalingana namandla ka-Allah (uMvelinqange) Wuyena ophethe yonke into. Kusukela ezintuthaneni, ezinyonini (Wuyena ozondlayo) kuze kufike kuMuntu.

INSIKA YESIBILI

UMKHULEKO (I-SALAAH)

Ama-Muslim athandaza kahlanu ngosuku. Kuwumgomo ukuba i-Muslim lithandaze, kwazise ukuthi umthandazo yindlela yokubonga ku-Allah, ngakhokonke akwenzela khona, kusukela uvuka uze uyolala. Akukho lapho i-Muslim lingakwazi khona ukuthandaza, kungabe lisekhaya, emsebenzini, ohambeni, ekuzijabuliseni, nasosizini, kepha ayikho indawo enhle yokuthandazela eyedlula i-Musjid (indlu yokukhuleka).

INSIKA YESITHATHU

UKUZILA UKUDLA (SAWM)

Ekhalendeni lama-Muslim kunenyanga yokuzila ukudla eyaziwa ngokuthi i-Ramadhaan. Kulenyanga yonke ama-Muslim umhlaba wonke ayazila, agcina ukudla ekuseni kusempondozankomo kuze kuyoshona ilanga ntambama engathanga mbibi. Lenyanga

eyokuzithiba.

Insika yesine

Umnikelo (Zakaah)

I-Islam inomgomo kulabo abathe babusiseka ngengcebo ukuba babonelele labo abantulayo ngomnikelo okungenani kanye ngonyaka. I-Islam ikhuthaza ngesisho esithi: Sibusisiwe isandla esiphayo kunesamkelayo.

Insika yesihlanu

Uhambo lokuvakashela umuzi ka-Allah ongcwele (Hajj)

I-Muslim ngaliye ngalinye kumele lihambele lomuzi oseMakkah (e-Saudi Arabia) okungenani kube kanye empilweni yalo, uma linawo amandla okuthatha loluhambo. Akunqatshelwe ukwenza i-Hajj uphindelela.

IZINTO OKUKHOLELWA KUZO

UBUNYE BAKHE

Ubunye bukaMvelinqange uSomandla, ukuthi akazali futhi akazalwanga, ungumnini mandla wonke.

UKUKHOLELWA EZINGELOSINI

I-Muslim likholelwa eziNgelosini zoMdali. Zingukukhanya ondalo yazo engadingi kudla naziphuzo.

Azinankanuko Yomzimba kanti futhi azinazidingo zalutho oluphathwayo, zihlale zidumisa uNkulunkulu (uMdali) ngasonke isikhathi. Ziningi ngalendlela yokuthi azibaleki, leyo naleyoNgelosi

inomsebenzi wayo, asikwazi ukuzibona ngamehlo, kodwa kukhona ezihlala zisigadile zisivikele emimoyeni emibi nasezingozini.

IMIQULU ENGCWELE KA-ALLAH

Kunezincwadi uMdali azambulela abaPhrofethi abathile ukuhola izizwe zabo.

Nazi ezinye, ezine ezibalulekile zalezizincwadi:

I-Torah (i-Testamente elidala)

I-Zaboor (AmaHubo)

I-Injeel (i-Testamente elisha)

I-Qur'aan (incwadi yokugcina)

Lezizincwadi ezine zembulwa kulababaPhrofethi abahloniphekileyo, uMphrofethi uMose, uDavide, uJesu kanye noMohammed (ukuthula makube kubo bonke)

Zonke lezincwadi zazembulwa ngesikhathi esisodwa ngaphandle kweQur'aan yona yembulwa isikhathi esathatha iminyaka engamashumi amabili nantathu (23 years)

ABAPHROFETHI KWI-ISLAM

Ngokwe-Islam uMdali usidalele isizathu esibalulukile, Ukumdumisa yena nokuphila impilo ebusisekile, neyakhelwe ezimfundisweni Zakhe. Ngaleyondlela-ke, kusonke isizwe umdali uye wakhetha uMphrofethi ozodlulisa umyalezo wakhe kubantu. Kungalesizathu Ama-Muslim engacwasi kubaPhrofethi, uMohammed (ukuthula makube kuye) ungowokugcina ngci kubaPhrofethi bakaAllah.

USUKU LOKWAHLULELA

Ngolunye usuku lomhlaba uyophela (uzobhubha), kanti akekho owazi usuku nesikhathi ngaphandle kukaMvelinqangi (uMdali). Nazi izibonakaliso zokusondela kosuku njengoba umPhrofethi u-Mohammed (ukuthula makube kuye) azichaza wathi:

-Lapho abantu sebengahloniphi, bengasabalaleli nabazali babo.

-Ukuthembeka sekungasekho.

-Ukucula, umculo, nenhlamba, ukudansa kuyobe sekuyinsakavukela.

-Amaqaba ayoba ngabaholi, kuthi abangazi lutho banikwe izikhundla eziphakeme.

Ngalolusuku konke okuphilayo kuyoshabalala.

Umuntu yena akazusala nalutho ngaphandle kwemisebenzi ayenzele uMdali, kanti uyobe esejeziswa noma aklonyeliswe ngokufanelekile. Ngalolusuku akekho ongeke asinde ekwahlulelweni.

UKUDALELWA

Uma uyi-Muslim kumele ukholelwe ekutheni konke okuhle nokubi kuqhamuka ku Allah, bekuvele kudaliwe. Sikholelwa ekutheni uMdali wazi yonke into ngaphambi kokuba idalwe.

IMPILO EMVA KOKUFA

Ngokwe Islam, uMhlaba uyindawo yokuvivinywa, kanti umuntu uhlale evivinywa kuwona. Kukhokonke umuntu akwenzayo, uMdali uhlale emgadile. Ngolunye usuku impilo yaseMhlabeni iyophela bese kuvuka uMhlaba omusha. Kukuyo lempilo yangemuva kokufa lapho umuntu eyoklonyeliswa khona noma ajeziswe ngezenzo zakhe ezinhle nezimbi.

Umdali uyokwahlulela wonke umuntu ngosuku lokwahlulela bese emthumela eZulwini, (isigaba sokuphila esiholela ekubusisweni kwaphakade, noma esihogweni, isigaba semhubhiso nokujeza)

I-ISLAM YINDLELA YOKUPHILA

Ngokwe Islam bonke abantu bayafana. Akukaze nakanye emlandweni kubekhona umuntu ovinjelwa ukuthandaza endlini yokukhonza ngenxa yebala lakhe. I-Islam ishumayeza ukuthi uluntu lonke luwumndeni. Ngokwezomnotho i-Islam ikhuthaza ukusebenza ngokusemthethweni. Okungavumelekile kwi-Islam ukuqola abantu, ufihle amaphutha entweni oyithengisayo, nokuziphilisa ngenzalo.

ABESIMAME KWI-ISLAM

Akukho lapho becwaswa khona ngobulili kwi-Islam, kepha i-Islam yenza umuntu abone imikhakha yamandla, Ngaleyondlela imisebenzi yabesilisa nabesifazane ibalulekile ngokulinganayo kubona kodwa ibe ingafani.









UMSHADO NESIHLUKANISO

Umshado uyisibopho sobuhlobo esibalulekile kakhulu phakathi komuntu wesilisa nowesifazane. Unjalo nje uholela empilweni engcono, emsulwa, nenenjabulo. Bobabili owesilisa nowesifazane, banelungelo elilinganayo lokuhlukanisa. Phezu kokuba kunjalo isahlukaniso asikhuthazwa, kepha sivunyelwa njengesixazululo sokugcina.

Yazi ukuthi umuntu uyintandokazi kumdali.

Sengathi u-Allah angasipha ubuhlakani, nempilo ende enezibusiso, asiphe okuhle kuloMhlaba nakwelizayo. Ameen

OTHER PUBLICATIONS



Available from www.darulihسان.com/books



DARUL IHSAN

HUMANITARIAN CENTRE

GUIDANCE • UBUNTU • EMPOWERMENT

ISLAMIC

- Learn The Deen
- Teach The Deen
- Jumuah Roster
- Bookshop
- Basic Islam
- Library & Research Facility
- GUIDELINE (Counselling)
- Literature Collection
- Al Ihsan Micro Library
- Marriage Registration
- Sadaqah Jariyah Projects
- Taqwa School of Excellence
- Muslim Marriages Tribunal (MMT)
- Drug Awareness Drive (DAD)
- Siyaphambili Madrasah
- Enewsletters, Social Media Posts
- Azmatu-Ahlil-Bayt-was-Sahaba



HUMANITARIAN

- Feed a Pupil
- Feed a Patient
- Feed The Needy
- Al Ihsan Clinic
- Build a Home
- Al Ihsan Relief (AIR)
- Enable the Disabled
- Bursary Fund (DIBF)
- Operation H2O
- Sponsor a Blanket
- Sponsor a Kajoor Pack
- Al Ihsan Boreholes
- House & Home Improvement
- Al Ihsan Fashion & Design Course
- Uniforms & Stationery
- Al Ihsan Garden Patch
- Al Ihsan Caregiver Course





About Darul Ihsan

Darul Ihsan Humanitarian Centre provides education, guidance, social, empowerment and welfare services to the community. In providing this service, we adopt a holistic approach, that gives due importance to basic needs as well as human rights and dignity of those that we serve.

Founding Philosophy

Darul Ihsan Humanitarian Centre is a multi-purpose, humanitarian-services providing organisation. 'Ihsan' means compassion towards mankind and to act with excellence. The Centre was established in the year 2000 with the primary objective of serving humanity and alleviating poverty and hardship locally and abroad. Since its inception, it has developed and established many humanitarian projects and provides a variety of free services to the community.

Key Objectives

One of the key objectives of the Centre is to promote a better understanding of humanity and peace, thereby serving as a bridge-builder between faiths and communities. Through guidance, Ubuntu and empowerment, the organisation hopes to train and develop the youth to become torch bearers of hope, peace and compassion to humanity.

